# MAYELANA NOMNYANGO WENTELA YEMPAHLA ENGENAYO NEPHUMAYO

UMnyango oweNgamela iNtela yeMpahla engenayo nephumayo eNingizimu Afrika udlala indima esemqoka ekuxhumaniseni ukuhamba kwezimpahla kanye nabantu abangenayo noma abaphumayo emingceleni yaseNingizimu Afrika. Injongo yethu ukuhlinzeka ngosizo lweNtela yeMpahla engenayo nephumayo esezingeni eliphezulu enegalelo ekuzinzeni, kwezempilo nasekuchumeni kwezwe, kwesifunda nokomhlaba.

## Izimpokophelo zoMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo

Igunya nokuseqhulwini eMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo yilokhu:

- Ukuhlinzeka ngokulawulwa kwemingcele, ukuvikeleka komphakathi kanye nokuvikeleka kwemboni
- Ukulawula izindlela zenqubomgomo yokuhweba kanye nezinhlelo zemboni; kanye
- Nokuqoqa imali

## Abantu abaseMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo

Okwamanje kunamahhovisi angama-37 oMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo ezweni, kubandakanya namachweba emikhumbi, ezimoto kanye nawezindiza, kanye nezikhungo ezine ezisebenzayo. Bheka imininingwane yokuxhumana kanye namahora okusebenza awo wonke amahhovisi oMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo.

Abasebenzi abalinganiselwa ku-2500 eMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo benza imisebenzi yokuxhumanisa ukuhweba okungaba amadokhumenti noma ukuhlolwa komkhumbi othutha impahla; ukubhalisa nokunika imvume; ukudlulisa nokucwaninga amabhuku; noma ukulawulwa komngcele nemisebenzi yokuphoqelela umthetho okuquka amalungu oPhiko lweziNja eziHogela umkhondo (Detector Dog Unit).

Abasebenzi balwela ukwenza lokhu:

- Ukwenza imisebenzi yabo ngokuthembeka, ngokuzigqaja nangobuqotho;
- Ukwenza konke abakwenzayo ngendlela esobala, enobulungiswa nenokuziphendulela; kanye
- Nokusebenza ngokubambisana nababambiqhaza abanezinjongo ezifanayo nezabo zokuqeda izindlela zokuhweba ezephuma umthetho.